

UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG

UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI

OCTOBER / NOVEMBER 2005
OKTOBER / NOVEMBER 2005

ISIZULU ULIMI LWESIBILI
IZINGA ELIPHANSI
(Iphepha Lesithathu)

ISIKHATHI: 2 Amahora

IMIKLOMELO: 80

IMIYALO:

- Leli phepha linezigaba ezintathu, A, B no-C.
 - Phendula umbuzo owodwa kuleso naleso sigaba.
 - Imibuzo mayiphendulwe ngesiZulu.
-
-

ISIGABA A

UMBUZO 1

Khetha isihloko esisodwa kulezi ozinikiwe ubhale ngaso kugcwale **amakhasi amabili** noma kube amagama aphakathi kuka-250 – 300.

- 1.1 Umphakathi uthi imali yesondlo sezingane evela kuHulumeni kumele ikhuphuke iye ku-R500. Uthini wena?
- 1.2 Abaphathi bezikole kanye nothisha abasebenza ngaphansi kwesimo esinzima ngenxa yabafundi abangasenayo inhlonipho, nokuzimisela ngomsebenzi wesikole bathi makubuye ukujeziswa kwabafundi. Uthini wena?
- 1.3 Amandla e-randi uma eqhubeka nokwehla angaguqula isimo somnotho kuleli. Fakazela noma uphikise le nkulumo.

- 1.4 Bheka isithombe esilandelayo ubhale indaba ngaso, uphinde uyinike isihloko esiyifanele indaba yakho.



Bona Zulu – May 2004 7

- 1.5 Bhala indaba oyoyinika isihloko esithandwa nguwe, iqale ngamazwi athi, 'Ingculazi ngumbulalazwe ...'

IMIKLOMELO YESIGABA A: [40]


ISIGABA B

UMBUZO 2

Khetha **okukodwa** kokulandelayo ubhale kugcwale ikhasi elilodwa (120 – 150 amagama).

- 2.1 Bhalela umngane wakho oseze wafumana ingane yesibili **incwadi**. Zama ukumbonisa ukuthi lezi zingane angeke akwazi ukuzikhulisa njengoba engalungiselelanga ikusasa lakhe.

- 2.2 Bhokisisa lo mfanekiso olandelayo bese ubhala **ingxoxo** ehambelana nawo phakathi kwalo mculi nomunye wabalandeli bakhe.



Bona Zulu – May 2004 11

- 2.3 Bhalela usodolophu wangakini **incwadi** umbikele ngodoti ongathuthwa, utshani obungagundwa, izitaladi ezimnyama kepha abahlali bebe bekhokha intela zonke izinyanga.

IMIKLOMELo YESIGABA B: [20]

ISIGABA C

UMBUZO 3

Khetha **okukodwa** kokulandelayo ubhale kugcwale ikhasi elilodwa vo.
(amagama ayi 120 – 150).

- 3.1 Kuya ngokudlanga ukugqezelwa kwezakhamuzi elokishini lakini. Izakhamuzi zihlele ukuba nomhlangano. Bhala **uhlelo lomhlangano** (i-ajenda) womkhandlu welokishi lakini omayelana nalobu bugebengu.
- 3.2 Umzala wakho uzobe eshada maduze. Wena ukhethwe umndeni ukuba uzokwethula **inkulumo** yokuhalalisela umzala wakho. Yibhale-ke.
- 3.3 Faka isicelo somsebenzi wobuthisha njengoba ubuvezwe ephapheni “i-Sunday Times”. Bhala **uhlelo lokuzazisa** (i-CV) uluthumele kanye nezitifiketi zakho.

IMIKLOMELO YESIGABA C: [20]

IMIKLOMELO ISIYONKE: 80